

Ukuthunye-
lwa kwamanzi
ngokwethembeka
ngomasipala emakhaya
kulolonke leli lizwe kume
kuma-68% kuphela,
naphezu kwamagxathu
athathwa uMnyango
Wezamanzi Nokuthuthwa
Kwendle okuqeda nya
ukusilela emuva koku-
thunyelwa kwamanzi kule
minyaka.

OliPhini likaNgqongqoshe
Wezamanzi Nokuthuthwa
Kwendle u-David Mahlobo
uthi lokhu kudalwa
ingqalasizinda esindala,
ukungasetshenziswa
kanye nokunganakekelwa
kwemithombo yamanzi,
kanye nokungasebenzi-
sani phakathi kwezinhlelo
zokwakhiwa kwezindlu
kanye nemiklamo yamanje
yokuthuthukiswa kwengqa-
lasizinda.

“Kuyakhathaza kakhulu
ukuthi ukuhlinzekwa
kwamanzi ngokwethe-
mbeka kubonisa izimpawu
zokwehla,” kusho yena.

Njengezwe elinamanzi

Singawonga Kanjani Amanzi

ayingcosana, iNingizimu
Afrika ibalwa phakathi
kwamazwe angama-30
ome kakhulu emhlabeni.
Amanzi amaningi ezwe
aqhamuka emvuleni, kodwa
ngesilinganiso semvula
esingama-40% esingaphansi
kwesilinganiso sonyaka
somhlaba, leli lizwe lihlale
lihlaselwa isomiso.

Noma kunjalo, umnyango
ukuphathele amasu okonga
amanzi.

Ukonga amanzi ekhaya noma ebhizinisini lakho

- Vala umpompi uma
usageza ubuso, uxubha
amazinyo akho noma
usashefa.
- Ukugeza ngeshawa imi-
zuzu emihlanu ngosuku
kunokugeza ngebhavu
kuzosebenzisa ingxenye
elingasinelwa kokuthathu
yamanzi asetshenziswa
kwibhavu, lokho okonga
amalitha angama-400
ngeviki.


- Ukugeza ngeshawa
kungasebenzisa amalitha
afika kuma-20 amanzi
ngomzuzu, kanti ukugeza
ngebhavu kungasebenzi-
sa phakathi kwamalitha
amanzi angama-80 kuya
kwayi-150 ngokugeza
ngakunye. Uma ukhetha
ukusebenzisa ibhavu,
ungaligcwalisi ngamanzi.
- Gwema ukushaya indlu
yangasese kungena-
sidingo. Lahla ithishu,
izinambuzane nokunye
ukungcola emgqonyeni
kunasendlini yangasese.
Ngaso sonke isikhathi
uma ushaya indlu ya-
ngasese, usebenzisa ama-
litha ayi-12 amanzi.
- Lungisa indlu yangasese
evuzayo ngoba inga-
mosha amalitha amanzi
ayizi-100 000 ngonyaka
owodwa.
- Sebenzisa “amanzi angco-
lile” — amanzi obekuge-
zwa ngawo, obekuhla-
nzwa ngawo izimpahla
kanye namanye amanzi

aphephile ukushaya indlu
yakho yangasese.

- Ungayigcwalisi mfi noma
uhlanze ngokwedlulele
indawo yakho yokubhu-
kuda.
- Amaketela akumele
agcwale mfi kodwa
afakwe amanzi alingene
lokho okudingayo. Lokhu
kuphinde kunciphise
nezindleko zikagesi.
- Sebenzisa ibhakede kune-
payipi ukuwasha imoto
yakho. Uma kufanele
usebenzise ipayipi, sebe-
nzisa ipayipi elifafazayo
elikwaziyo ukuthi libuye
livaleke ngesikhathi ufa-
faza imoto. Ukusebe-
nzisa ipayipi lasengadini
kungasebenzisa amanzi
angamalitha angama-30
ngomzuzu.
- Abalimi kufanele ba-
qinisekise ukuthi azikho
izinambuzane eziyingozi
emithonjeni yamanzi
nasemfudlaneni.
- Abantu abahlala ezi-
ndaweni zasemakhaya

kufanele baqaphele uku-
thi abasebenzisi umfula
kanye nodonga ukuzi-
khulula.

Engadini

- Chelela njalo izitshalo
zakho ngezikhathi zase-
kuseni noma ntambama,
uma amazinga okushisa
esepholile.
- Njalo uma ubilisa iqanda,
gcina lawo manzi apholile
ukuchelela ngawo izi-
tshalo zakho zasendlini.
Zizokhula kahle ngezakhi
ezizozithola kwigobolo-
ndo leqanda.
- Amanzi emvula anga-
gcinwa emathangini,
kuzochelelwa ngawo
izingadi.
- Sebenzisa “amanzi angco-
lile” — amanzi obekuge-
zwa ngawo, obekuhla-
nzwa ngawo izimpahla
kanye namanye amanzi
aphephile ukuchelela
ingadi yakho. 

Ngeminingwane
ethe xaxa, vakashela
ku: www.dws.gov.za